

SEKUNOGUQUKO EKUTHATHWENI KWE-SAMPULA LOMHLABATHI

Ngu: Keith Collings no Tracey Evans, SASRI - FAS

USASRI okuyisikhungo esihlala senza ucwaningo lezomoba ngenhloso yokuthuthukisa ukukhiqizwa komoba ukuze kube nenzuzo, usuwenze izinguquko ezimbili ekuthathweni kwe-Sampula lomhlabathi ngaphansi komnyango wakwa-FAS obhekele ukunika izincomo zikamanyolo.


Izinguquko ezimbili ezenziwe yilezi:

- Indlela ekuthathwa ngayo isampula ensimini (sampling pattern)
- Ukushintshela emabhokisini kusuka emasakeni afaka isampula lomhlabathi (bags to boxes)

Indlela entsha ekuthathwa ngayo isampula ensimini

Phambilini uma umlimi ebethatha isampula lomhlabathi ensimini, ube hamba anqamule insimu asuke ekhoneni aqonde kwelinye elibhekene nalo aphinde futhi asuke kwelinye abengakayi kulo aqonde futhi kwelibhekene nalo.

Manje akusezokwenziwa ngalendla kodwa usuhamba ugwincize (zig zag) ensimini usuka ekhoneni uze uyofika ekupheleni kwensimu, kanje:



Amabhokisi asetshenziswa manje

I-FAS isisebenzisa amabhokisi ukufaka amasampula enhlabathi esikhundleni samasakana/sezikhwama ebezikade zisetshenziswa. Leli libhokisi eselisetsenziswa liluhlaza ngombala, lingakwazi ukufaka inhlabathi engaba yizinkomishi ezimbili kuya kwe zintathu. Lamabhokisi azohambisana nama fomu lapho khona umlimi azogcwalisa khona imininingwane yakhe kanye neyenhlabathi. Ifomu elilodwa lingakwazi ukufaka imininingwane yamasampula ayishumi. Ukusetshenziswa

kwalamabhokisi sekuzokwenza kube lula ukugcinwa kwamasampula, ukuwahambisa, ukuwapakisha kanye nokubhalwa kwemininingwane.

Inqubo yokuthatha isampula lomhlabathi

Indlela esetshenziswa ngabalimi esikhathini esiningi ekuthatheni isampula lenhlabathi yenza kube nzima ukuhlaziya inhlabathi. Lokhu kwenza kube nzima uku-khishwa kwezincimo okuyizo.

Inqubo ekumele ilandelwe yilena:

- Kumele kusetshenziswe insimbi esampondo zebhayisikil (beater auger) ekuthatheni isampula lenhlabathi leli elijwayelekile.
- Ukujula kokuthathwa kwesampula lomhlabathi kumele kube wu 20cm. Insimbi yokuthatha yona isampula vele yakhelwe ukuthi ikwazi ukujula igcine kuye 20cm.
- Yonke inhlabathi kumele ithathwe/ icashunwe emabhangeni kuphela hayi kulayini womoba phinde



futhi kugwenywe izindawo lapho kuthelwe khona umanyolo.

- Isampula kumele lihlanganiswe kahle (ngokulixukuzisa esakeni) ngaphambi kokuba lifakwe ebhokisini lesampula. Umhlabathi osalile esakeni ungachithwa noma ubuyiselwe ensimini.
- Izindawo ezisetshenziswa ngokwehlukana kanye nalezo ezinenhlabathi engafani kufanele zithathwe amasampula ngokwehlukana. Indawo ekhombisa ubuthaka kumele ithathwe isampula layo yodwa.
- Ibhokisi lesampula kumele libhalwe bese kuthi yonke imininingwane igcwaliswe efohini elihambisana nalo ibhokisi. Kwi-fomu elilodwa umlimi angakwazi ukugcwalisa imininingwane yamasampula ayishumi. Asisekho isidingo sokuthi umlimi abhale/enze ithikithi elihambisana nesampula ngalinye njengoba bekwenziwa phambilini.
- Leli lifomu lihanjiswa kanye nebhokisi noma amabhokisi apethe isampula lenhlabathi.

Lamabhokisi aseiyatholakala kulesikhungo nakubeluleki bezomoba.

Sekunoguquko futhi kwi-Ntengo yesampula njengoba sekuhamba ngaloluhlelo – isampula elilodwa selibiza u-R121.00

Kuzoba nemikhankaso yokuqwashisa nokufundisa abalimi ezindaweni zabo ngalezinguquko khona mduze nje.



NQANDA UTSHANI OBENABAYO

Ngu: Peta Campbell

S ekubonakele ukuthi utshani obenabayo buyinkinga ikakhulukazi ezindaweni eziyisihlabathi lapho khona umoba ungakwazi ukukhula ngokushesha bese uphuza ukhulanganisa / ukumboza. Ezinhlobeni zotshani obunabayo, obuyinkinga enkulu wu-qethu obuye ubizwe ngo-ngwengwe noma uqambalala noma isinandi. Abalimi abaningi bayehluleka ukulawula loluhlobo lotshani kangokuthi amasimu agcine esegcwele bona lobutshani. Uma sebuhlasele kakhulu ensimini, behlisa isivuno kakhulu ngendlela emangalisayo futhi bungacina buwubulalile bawuqenda umoba ensimini leyo.

Yilena ke imizamo umlimi angayenza ukunqanda loluhlobo lotshani

• Kumoba osemncane nase zitubheni

Umlimi kumele aphinda phinde achele i-Gramaxone kanye ne-Diuron. Lemithi ingachelwa ebhangeni / phakathi nolayini bomoba osemncane, kodwa kudinga ukucophelela okukhulu kungacheleki nangengozi amaqabunga omoba ngoba uma echelekile angasha bese kubambezeleka ukukhula kwawo. Izitubhe nazo kumele zichelwe ngayo lemithi ukuze utshani obusezitubheni bunganabeli ensimini.

• Kumoba osokhulile osunamaqabunga omile ngaphansi



Isimoba esihlaselwe wuqethu.

Kumoba osokhulile, kungasetshenziswa i-Glyphosate. I-Glyphosate inobungozi obukhulu emobeni, umlimi kumele enze isiqiniseko sokuthi lomuthi usetshenziswa emobeni osokhulile osunamaqabunga afile / omile ngaphansi, amaqabunga aluhlaza angacheleki. Lendlela isebenza isikhathi esincane ngoba utshani obusemalayinini omoba bubuye benabele emabhangeni.

• Indlela yokulima kancane

Lendlela isebenzisa i-Glyphosate ukubulala umoba omdala ngaphambi kokutshala umoba omusha. Ngesikhathi kubulawa wona umoba, notshani obunabayo buyafa. Ukuze bufe kahle utshani umlimi kumele aphinde izindawo lapho buhlume khona utshani buze bufe bonke ngaphambi kokuba kutshalwe umoba omusha. Indawo ezotshalwa enalobutshani kumele ifuthwe nge-

Glyphosate kuqala ngaphambi kokuba ilinywe ukuze bufe bangabi yinkathazo emobeni osumilile.

Isikhathi sokubulala utshani obenabayo

Ungacheli ngezibulalakhula utshani esebuvele bukhombisa ukukhathala. Izibulala khula zisebenza kahle etshanini obusebuncane futhi obukhula ngamandla / obukhephezelayo. Isikhathi esihle sokubulala utshani obenabayo ngezibulalakhula kuphakathi kwenyanga uNhlolanja (February) no Ndasa (March) lapho khona kuba lula ukuthi umuthi wehle kahle ungene phansi ezimpendeni. Umlimi kumele abubheke njalo utshani obenabayo phakathi nasemabhandeni ensimu.

**Umlimi kumele ahlale elubhekile loluhlobo lotshani.

USUKE WAZIBONA LEZIMPAWU?

Ngu: Mike Way no Stuart Rutherford

I-Chilo yisihlava esesicekele phansi kakhulu isivuno kwelase Mozambique. Ngenhlanhla lesihlava besingakabonakali kuleli ngokocwaningo oselwenziwe ukuhlola ubukhona baso.

Nomakunjalo sisengayibeka engcupheni imboni kashukela yakuleli ngenxa yokwenabela kwemboni kashukela yase Mozambique duze nomngcele we Ningizimu Afrika.

Ephephabhukwini lesiLungu i-Link yango Mandulo ngonyaka odlule, isikhungo socwaningo lwezomoba (SASRI) sazise imboni kashukela yakuleli ngomonakalo ongalalwa yilesi sihlava. Lesaziso senzelve ukuthi abalimi bakhone ukushesha basibone lesi sihlava ukuze kuthi uma kukhona umoba osuhlaselwe yiso uhlahlwe ngokushesha singakandi kakhulu. Usizo lungatholakala kubo bonke abasebenzela ikomidi lezinambuzane ne zifo embonini ka-shukela elibizwa nge-Local Pest & Disease Committee.

Uma ubona lezimpawu ezilandelayo, xhumana no mlimisi noma umeluleki wezolimo wangakini ngokushesha:

- Izimbobo ezivulekile ezisamalayini emaqabungeni (emacembeni)

- Umoba onemixhantela
- Impushana ecolisakele ngaphandle kwamalunga omoba, esandle yezinambuzane
- Isihlava esimhlophe okusaphuzi esinamabala amnyama asemalayinini
- Izimbobo engxenyeni engaphezulu ogoqweni lomoba, hhayi ngaphansi njengoba kujwayelekile ngesihlava somoba i-eldana.



Isihlava i-chilo



Umonakalo emaqabungeni



Umonakalo esiqwini (imixhantela)

USUKU LWEZEMVELO EMHLABENI JIKELELE

Ngu: Nomalanga Hlophe (Environmental Affairs, Dbn), no Bongani Phewa (SASRI)

U nyaka nonyaka, kuba nemikhosi yokugubha imvelo ngokwemikhakha yayo eyahlukahlukeni emhlabeni jikelele. Kulonyaka, umhlaka 5 kuNhlanguvana (June) uwusuku olumiselwe ukugubha imvelo jikelele emhlabeni wonkana. Imikhosi yokugubha lolusuku idonsa/iqhubeka isonto lonke njengoba imiselwe ukuqala zingama-31 ku-May ize iphothulwe mhla zizine ku-June. Kothi ke ngomhlaka 5 ku June bese kuba umkhosi omkhulu-kazi.

Umlando:

Usuku lweMvelo emhlabeni jikelele lwasungulwa isigungu sezizwe ezimanyeneyo/ezihlangene zomhlaba ngonyaka ka-1972 kwiNkomfa eyayiphathelene nemvelo yoluntu.

Isintu yiso esinomthelela omkhulu kwiMvelo. Ubunjalo nobungako balomthelela kuncike kakhulu kwindlela yokuphila, indlela yokwenza izinto kanye nokusatshaliswa komnotho nezizinda.

Ukubaluleka kweSonto lezeMvelo

Inhloso enkulu yaleliso noma lolusuku lweMvelo yile:

- ukugqugqezela abantu ukuba babambe iqhaza eligqamile futhi balekelele ekutheni kube nokuphila okulinganayo kwendalo yonke futhi kwesikhathi eside
- ukukhuthaza ukuqwashiseka nokuqonda ukuthi umphakathi udlala indima ebalulekile ekushintsheni indlela yokucabanga uma sekuyiwa ngasezintweni ezithinta imvelo.
- ukwakha ubudlelwano obuzoqinisekisa ukuthi zonke izizwe kanjalo neSintu sonkana siphila futhi sithokozele ikusasa eliphephile futhi elinokwaneliseka phakathi.

Ingqikithi yalolusuku kulonyaka

Okokuqala, kubalulekile ukuba sazi ukuthi lonyaka ka 2010 uwunyaka omiselwe indalo ngokwehlukahlukana kwayo emhlabeni wonke jikelele.

Kanti ke Ingqikithi yona ithi – "IZINHLOBO ZENDALO EZININGI, UMHLABA OWODWA, IKUSASA ELINYE"

Lengqikithi igqamisa ukuhlukahlukana kwendalo. Ukuhlukahlukana kwendalo kusho ingxubevange yokuphilayo endaweni ethize loko okuhlanganisa izimila, izilwane, nokunye, ubudlelwano noma ukuphilisana phakathi kwako, kanye ke nayo indawo leyo ezikuyo.

Ngokulula nje, loku kusho izinhlobonhlobo zokuphilayo nendawo lapho kuhlala/kuphila khona. Lengxubevange yokuphilayo iyo eyenza sithole ukudla esikudlayo, okokugqoka, okokubasa, imithi yokulapha kanye nokunye okunngi.

Sekunokukhula kokulahleka / kokushabalala kwalengxubevange emhlabeni, loku kudalwa okulandelayo:

- Ukushabalala kwendawo yokuphila kwayo
- Ukunukubezeka komhlabathi, amanzi nomkhathi

- Imboni yezolimo namahlathi
- Ukuhweba ngezilwane zasendle
- Izimila zokufika (izinhlaseleli)
- Ukuzingela okungekho emthethweni
- Inqubo-mgomo ka-Hulumente ekhuthaza ukuthuthukiswa kwamadolobha

Isiphetho

Kunesidingo esikhulu futhi esiphuthumayo sokuthi kube nokongiwa kwendalo ngokuhlukana kwayo emhlabeni esiphila kuwo. Umhlaba ongenayo indalo eyahlukahlukeni, ufana nento efile. Yonke indalo, okuyizigidigidi zabantu kanye nokunye okunempilo njengezilwane nezimila, kusebenzisa noma kuphila emhlabeni owodwa, ngaleyondlela sonke singayithokozela impilo nekusasa eliphephile futhi elinempumelelo.

Kubalulekile kakhulu futhi ukwazi ukuthi imigubho yemvelo ngokwemikhakha eyahlukene iba nini ukuze nikwazi ukuyihambela nokubamba iqhaza nani ezindaweni zenu. Imiphakathi ingazihlelela eyawo imigubho ezindaweni zawo ngalezinkhathi/nsuku ezibekiwe ngezansi.



Imvelo enakekelekile

Isiyonke imigubho yonyaka ima kanje:

UMGUBHO...	INYANGA	ISONTO...	USUKU...
...wama-Xhaphozi (World Wetlands Day)	February/Nhlolanja	lokuqala	02 Feb.
...waManzi (National Water Week)	March/Ndasa	lesithathu	15 – 19 Mar.
...wezesimo sezulu (World Meteorological)		lesine	23 Mar.
...wo-Mhlaba (Earth Day)	April/Mbasa	lesithathu	22 Apr.
...we-Ngxubevange yendalo ephilayo (International Day of Biological Diversity)	May/Nhlaba	lesithathu	22 Apr.
...we-Mvelo jikelele (World environment week)	June/Nhlanguvana	lokuqala	May 31 – Jun. 04
...we-Mvelo jikelele (World Environment Day)		lokuqala	05 Jun.
...wokulwa nobuHlane neSomiso (World Day to combat desertification and drought)		lesithathu	17 June
...wokutshalwa kwezihlahla (National Arbor Week)	September/Mandulo	lokuqala	1 – 7 Sept.
...wokulondoloza ulwelesi olusemkhathini (International Day for the preservation of the Ozone Layer)		lesithathu	16 Sept.
...wokukhuculula jikelele, nasogwini lolwandle (National Clean-up week & international coastal clean-up)		lesithathu	13 – 18 Sept.
...wenyoni Inguza/uNombombiya (African Penguin Day)		lesine	26 Sept.
...wezokuvakasha (World Tourism Day)	October/Mfumfu	lesihlanu	27 Sept.
...wendawo ephila imvelo (World Habitat Day)		lokuqala	5 Oct.
...wokulwa nezitshalo ezingafuneki (Weed Buster Week)		lokuqala	4 – 8 Oct.
...wezaso-Lwandle (National Marine Week)	November/Lwezi	lesibili	11 – 15 Oct.
...wesonto lezinyoni (National Bird Week)		lesine	22 – 26 Nov.
...wosuku lezinyoni (Birding Big Day)		lesine	27 Nov.

***Ningaxhumana nophiko lwezeMvelo emnyangweni wezolimo emahovisi angakini uma nidinga ulwazi oluthe xaxa ngalemigubho.

UMOBA OQHAKAZILE

Ngu: Michiel Smit

Izinhlobo eziningi zomoba olinywa kuleli uqhuma imbali noma intshakazi uma isimo senhlabathi nesamanzi kuyileso esikahle futhi kushisa nasebusuku, okuyinto evamise ukwenzeka ngenyanga uNdasa. Uma umoba usuze waqala waqhuma imbali, amalunga ayema ukukhula bese kwakheka ushukela omnigi, uvele uzivuthwele ngokwendalo ngaphandle kokufakwa imithi yokuvuthiswa. Umlimi angawuhlala umoba uma sewu qhume imbali noma enze isiqiniseko sokuthi uyawuhlala ingakapheli inyanga uMandulo. Umoba uba nemixhantela uma kushaya intwasa hlobo ungahlaliwe, kanti noshukela ube sewehla. uShukela wehla kakhulu uma umoba ubuye wahlaselwa yisihlava somoba i-eldana. Umoba ongakaqumi imbali uyaqhubeka nokukhula ngendlela ejwayelekile futhi wedlule umoba oqhume imbali.


Izinto umlimi okumele azikhumbule uma esebenza ngomoba osunembali

- Imbali ayisiyo inkinga emobeni, yenza ushukela unyoke
- Umoba kumele uhlahlwe ingakapheli inyanga uMandulo
- Imithi yokuvuthiswa ayidingeki kumoba osovele une mbali
- Amalunga angaphezulu akanawo ushukela, kumele asuswe angayi emshinini
- Umoba osemncane ungadluliselwa kusizini elandelayo uma imbali ingeningi ngasekupheleni kuka Ntulikazi, phinde umoba ungakahlaselwa yisihlava somoba
- Ukuze umoba onembali ukwazi ukuqhubeka nokukhula kumele ube nemixhantela, lokhu kwehlisa ushukela emobeni
- Umoba onembali ungasetshenziswa ube yimbewu, kodwa kumele kuqikelelwe kakhulu ungalimali amehlo njengoba asuke esathambile kunalokujwayelekile
- Ithophisi lomoba osunembali kumele linqunywe 10cm ngaphansi kwesiqu sembali.



Umoba oqhakazile

QAPHELA FUTHI UQINISEKISE LOKU UMA KUHLAHLWA UMOBA



Ngu: Bongani Phewa no Mzwandile Gina

Njengoba kuvele sekuqalile ukuhlahlwa komoba, kunezinto okumele umlimi enze isiqiniseko ukuthi zimi ngomumo ukuze umsebenzi wokuhlala uhambe kahle ube yimpumelelo.

- Umlimi akenze isiqiniseko sokuthi izitubhe zilungisiwe kahle ukuze imishini yokudonsa izokwazi ukuhamba kalula ezitubheni
- Kumele umlimi kanye nasonkontileka basazi futhi basilandele isilinganiso sosuku ukuze umlimi angatholi umoba wakhe usuvalelekile ungakwazi ukungena emshinini
- Umlimi kumele asayinde noma akhe isivumelwano sokuhlalelana phakathi kwakhe nosonkontileka ngaphambi kokuba umsebenzi uqale
- Njengoba osonkontileka bahlahle abalimi abaningi ngesizini, umlimi kumele alwazi uhla lokuhlala ukuze azilungiselele kahle ngaphambi komsebenzi
- Usonkontileka nomlimi kumele kube sebevumelene ngentengo yokwen-

za umsebenzi (ama-rates) ngaphambi kokuba umsebenzi wokuhlala uqale

- I akhawunti yase bhange kumele kube iyasebenza ukuze bakwazi ukufaka imali yakho kuyo
- Amabhande noma izivimba mlilo kumele kube kusesimweni ukuze kuvimbeleke imililo engaqhamuka ngaphandle nanokuvimba umlilo ukuthi ungasabalaleli kwamanye amasimu
- Osonkontileka kumele babe nezinto ezanele futhi ezisesimweni sokwenza umsebenzi kanye nabasebenzi abenole ukuze umsebenzi ungahambi uba nezihibe
- Osonkontileka nabalimi abasebenze ngokukhulu ukubambisana ukuze umsebenzi uhambe ngendlela okuyiyo, umlimi akwazi ukuthola inzuzo ngomoba wakhe nosonkontileka akwazi ukuthola inzuzo ngomsebenzi awenzele umlimi
- Umlimi akaqinisekise ukuthi uyaya ensimini uma kuhlahlwa ukuze abone ukuthi konke kuhamba kahle futhi akunazingqinamba

Kubalulekile ukwazi ukuthi umlimi uyamdinga u-Sonkontileka kanjalo no-Sonkontileka uyamdinga umlimi, omunye akekho ngaphandle komunye!!

AMASU ASEMQOKA



NHLABA/ MAY

- Lungisa kahle imisele noma imigudu ehambisa amanzi
- Landela imithetho kamasipala wangakini yokushiswa komoba
- Thatha isampula lenhlabathi kumoba oyihlumela
- Yenza uhlelo lwembewu ezodingeka ngesizini elandelayo
- Hlolela umonakalo odalwa ngamakhaza ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe

NHLANGULANA/ JUNE

- Yenza isiqiniseko ukuthi amabhande/ izitubhe neizivimba-mlilo zisesimweni esifanele
- Faka umcako wabalimi/ kalika
- Yenza uhlelo lokufakwa kukamanyolo
- Ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe, hlolela umonakalo odalwe isithwathwa
- Hlolela uphinde ulungise zonke izinto ezisetshenziswa uma kuniselwa umoba

NTULIKAZI/ JULY

- Nqanda ukhula lwasebusika
- Lungisa zonke izinto zokufaka umanyolo nezokuchela izibulala-khula
- Hlolela i-eldana kumoba ongahlalwanga ngesizini edlule
- Hlolela isifo uMbasha (RSD) emasimini akho embewu
- Hlela ukusheshe utshale khona uzokwazi ukuvikela umonakalo ongenziwa ngama-thrips ngasekupheleni kwentwasa hlobo.

NCWABA/ AUGUST

- Nqanda ukhula lwasebusika
- Qala ukukhipha umoba ohlaselwe yisiwumba (smut) emasimini.
- Lungisa izinto ezisetshenziswa ukufaka umanyolo kanye nalezo zokuchela izibulala khula